**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI KASIYAZENZEALA EMNAMBITHI MHLAKA 23 JANUARY 2009**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Kuyiqiniso ukuthi ezinye zezinselelo ezinkulu esilokhu sibhekene nazo kusukela singene kwintando yeningi ukuntuleka kwemisebenzi nobubha.

- Yingakho i-ANC yakwenza kwaba ngumgomo ukuthi kube nokusabalaliswa kwemisebenzi eyenziwa ngabantu ngezandla ukuze kudaleke amathuba emisebenzi futhi kuncishiswe igebe lokushoda kwezidingongqangi ezindaweni ezazincishwe amathuba phambilini. Kwabe sekuzalwa i-Expanded Public Works Programme (EPWP).

- Uhlelo lwe-EPWP, luzama ukuvala igebe phakathi komnotho okhulayo nesibalo esikhulu sabantu abangenawo amakhono nabaswele imisebenzi abangakwazi ukuba yingxenye yokuthuthuka komnotho.

- Namhlanje sethula ngokomthetho iSiyazenzela Programme eMnambithi, okuwuhlelo oluhlose ukulwa nobubha lube lugqugquzela ukuhlanzeka kwendawo esihlala kuyona singumphakathi. Lolu uhlelo oluthathelwe eCuritiba – Brazil, lwaziwa nge 'mfucuza engeyona imfucuza' *'garbage that is not garbage programme'*, lapho imindeni iletha udoti ukuze ithole amaphasela okudla.

- Lolu hlelo salwethula okokuqala kumasipala waseHibiscus Coast ngonyaka ka-2007 sase sidlulela eMsunduzi ngonyaka odlule. Inhloso yethu ngukuthi lusabalale komasipala bonke esifundazweni. Konke lokhu sikwenzela ukuqinisa impi yokulwa nendlala.

- Indlela yokuqhuba i-EPWP iqhakambisa kakhulu ukuthi laziwe iqhaza okumele libanjwe nguhulumeni ezingeni lesifundazwe nelikamasipala.

- Indlela yokusebenza iveza uhlelo olulandelwayo, oluhambisana nokuphatha ngokubambisana, okuyinto okumele uMnyango nomasipala abathintekayo bayisebenzise ukufeza imigomo kahulumeni yokuqeda ububha.

- Namhlanje, sisaqinisekisa ukuzibophezela kwethu ukwenza umehluko ezimpilweni zabantu bakithi kuwo wonke amagumbi esifundazwe saKwaZulu-Natal. Lokhu kwenziwa nguhulumeni okhethe ukusebenza nazo zonke izakhamuzi, ngaphandle kokubheka ubuqembu bepolitiki.

- Ngakho-ke, umasipala waseMnambithi uzothatha lo msebenzi esiwulethayo namhlanje uwuqhube ngendlela ezothuthukisa izimpilo zemiphakathi engaphansi kwawo, ukwenze ngaphandle kokubheka ubuqembu bepolitiki.

- Siyazi ukuthi khona maduze nje lolu hlelo luzofakwa nakumasipala waKwaNongoma. Nguhulumeni oholwa ngabantu, ongowabantu kuphela, ohlale uqinisekisa ngale ndlela ukuthi izimpilo zabantu ziyashintsha zibe ngcono.

- Njengamanje, bangu-60 asebeqokelwe ukuthi bangene kulolu hlelo okumanje sebesayine isivumelwano sezinyanga ezingu-12 zokusebenza. Ngemuva kwalokho umasipala uzoqinisekisa ukuthi lolu hlelo luyaqhubeka ngendlela efanele. Laba bahlanganisa abesilisa nabesifazane nentsha.

- Sengiphetha, ngithanda ukugcizelela kwabaphethe lolu hlelo ukuthi inkohlakalo nokukhwabanisa ngeke sikubekezelele nakancane. Kumele nazi ukuthi ukuntshontshela abampofu kuwumhobholo esingeke siwubekezelele nhlobo. Abantu kumele bakhethwe ngokwezinga lobuphofu emphakathini kuphela.

**Ngiyabonga.**